**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI NEPHINI LIKASIHLALO WE-ANC KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO KASIHLALO WEGATSHA LE-ANC ESKHAWINI NGOMGQIBELO, 10 SEPTEMBER 2011**

Mphathi wohlelo;
Abefundisi;
Ubuholi be-ANC esifundeni;
I-Executive yegatsha (i-BEC);
Abamele izinhlaka zomphakathi ezahlukene;
Ama-comrade wonke;
Abangani;
Ngokukhethekile ngibingelele umndeni waKwaGwala nezihlobo zonke;
Bese ngithi umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Masiqale ngokubonga egameni likaHulumeni nenhlangano kaKhongolose ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu nonguSihlalo lapha KwaZulu-Natal uDkt Zweli Mkhize, ukuthi sithole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yokuphelezela umfowethu ebesingakaze sicabange ukuthi angasishiya ngale ndlela okwenzeke ngayo.

Njengoba silapha nje siyazi ukuthi kuningi osekukhulunyiwe kusukela umfowethu uGwala esishiyile. Siyazi ukuthi kunezinkulumo ezishayisanayo phakathi komndeni namaphoyisa mayelana nezimo eziholele ekulimaleni kwakhe aze asishiye.

Kodwa njengobuholi besifundazwe kuHulumeni nakwi-ANC, sifisa ukunxusa abantu bakithi ukuthi behlise imimoya badedele izinhlaka ezibekwe yilo mbuso wentando yeningi ukuba zenze umsebenzi wazo mayelana nalolu daba.

Enginesiqiniseko sako ngukuthi ukube kuya ngathi ngabe akekho umuntu osilahlekelayo ngasohlangothini lomphakathi nangakolwamaphoyisa. Kodwa ngenxa yokuthi kulelizwe lethu sisabhekene nenselelo yobugebengu obuningi, kuyenzeka sizithole sesisesimweni esinjengalesi.

Futhi siyakuqonda kahle ukuthi uma kunempi kuyenzeka kube nalabo abathola amachaphazelo ngenkathi idudulana yize bengeyona ingxenye yempi ngaleso sikhathi.

Yingakho-ke ngokomthethosisekelo wethu kumele sibe nohlaka oluzimele esithi i-Independent Complaints Directorate (ICD) olusiphenyela kabanzi uma kunezinsolo zokungahambisi kahle kwamaphoyisa. Nalapha-ke sithanda ukugcizelela ukuthi abantu mabalunike ithuba lolu hlaka sibone ukuthi lusitholelani.

Kodwa noma ngabe yimuphi umphumela okhishwa yi-ICD ekugcineni, thina njengoHulumeni nanjengenhlangano ebusayo kaKhongolose, sohlale sikuthatha njengeshwa elikhulu ukuthi silahlekelwe ngabantu abafana no-Comrade Qinisani ngesikhathi siphume umkhankaso wokulwa nobugebengu nokugqugquzela abantu ukuba basebenzisane namaphoyisa.

Mhlambe kumele sivume manje ukuthi njengoba esesishiyile u-comrade, ingcabha isisele nathi ukuthi izehlakalo ezinjengalesi sizigwema kanjani. Lesi kumele kube yisikhathi sokuba singabi ngamagwala sisatshiswe wubala.

Lesi yisikhathi sokuba amalungu kaKhongolose aqine ukuze akwazi ukufezekisa imigomo kaHulumeni wethu. Njengombutho kuzomele sisukume siqinisekise ukuthi siyangena sithi khaxa kuzo zonke izinhlelo zikaHulumeni zokunqanda ubugebengu nokwakha umphakathi esifisa ukuphila kuwona.

Odabeni olusematheni kulezi zinsuku lokubulawa kwamaphoyisa kumele kube yithina esibonakala senza okuthile ukuze sivikele abavikeli bomphakathi. Makube yithina esihlangana namaphoyisa sithathe impi siyibhekise ezigebengwini.

Ngomhlaka 16 August 2011 nje, isifundazwe saKwaZulu-Natal sibe nengqungquthela ebidingida ngokubulawa kwamaphoyisa ebilaphaya eThekwini. Le ngqungquthela yayihanwjelwe yizithunywa ezingaphezulu kuka-700 eziqhamuka emikhakheni ehlukene yomphakathi namaphoyisa kulesi fundazwe. Sabe sesivumelana sonke ngokuthi sakhe ubambiswano esithi i-Partnership Against Police Killings.

Njengamanje uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ngokugunyazwa yiKhabhinethi, usuzokwenza uhlelo oluhambisana nezinqumo zale-summit ukuze kuliwe nokubulawa kwamaphoyisa esifundazweni ngaphansi kwesiqubulo esithi “if it is to be, it is up to me”, okusho ukuthi uma kumele kwenzeke, kusezandleni zami.

Ngakolunye uhlangothi futhi siyaqhubeka nokuthi izinhlaka zethu zokulwa nobugebengu njengama-CPF nama-Street Committees kumele ziqiniswe futhi zivuselelwe nalapho zingasabonakali ukusebenza kwazo.

Asidingi ukuzithathela umthetho ezandleni zethu. Njengeqembu elibusayo, sikuHulumeni, ngakho-ke asikwazi ukubukela phansi amaphoyisa nezinhlaka zomthetho ezibekelwe ukubhekana nalezi zinselelo, kodwa sidinga ukuzihlonipha, sizesekele, sibambisane nazo ngokungamandla esinawo.

Ngithanda ukuthatha leli thuba nginxuse intsha yakithi ukuba izilungiselele ukuba ngabaholi bezwe lethu. Inhlangano ka-ANC iyisakhiwo esinezinhlaka ezivumela ukuxoxisana nokuthuthukisana ngokwepolitiki.

Kodwa kumele nazi ukuthi indlela eniziphatha ngayo manje yiyona eyokusho ukuthi nifika kanjani ekuholeni isizwe okumanje sinomlando omude wokubukeleka phansi ngenxa yokushaywa indiva ngesikhathi sobandlulo.

Kumele nizibuze nina ukuthi ngabe nifuna ukwenza izinto zibhede ngokwedlulele noma nifuna ukuhola abantu bakithi ngokweqiniso baphume empilweni yodlame, ubugebengu, ububha, ukuncisheka amathuba nokuntuleka kwemisebenzi?

Sengiphetha, mangithathe leli thuba ngithi egameni lobuholi besifundazwe, sithi ebuholini namalungu wonke egatsha lalapha eSikhawini, abangani nezihlobo zika-Comrade Qinisani: “Akwehlanga lungehliyo”.

**Ngiyabonga.**